**Inani lesikhashana elingu-R4.1bn elifakelwe isicelo ku-*two pot system***

**Tshwane, 11 kuMandulo 2024 –** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (u-SARS) uthole izicelo zomyalelo wentela eziyi-161,607. Lokhu kubandakanya imiyalelo ekhanseliwe. Eyi-159, 853 imayelana nokukhishwa komhlomulo wokonga i-*Savings Withdrawal Benefits*, okungu-98.9% wesibalo sezicelo ezimukelwe kusukela ngeSonto mhla lu-1 kuya kumhla ziyi-10 kuMandulo 2024, okusho ukuthi u-SARS uthole isicelo zomyalelo wentela ezilinganiselwa ku-17,964 ngosuku.

Inani eliphelele lesamba sezimali salezi zicelo ezimukeliwe sifinyelela ku-R4.1 billion.

UKhomishana wakwa-SARS u-Edward Kieswetter uthe izimali ezikhokhwe esikhwameli sempesheni noma somhlaphansi bezingakatheliswa ngenkathi kwenziwa inkokhelo esikhwameni kodwa zidluliselwe esikhathini lapho umuntu ezothatha khona umhlalaphansi bese sitheliswa ngezinganani elehlisiwe. Kodwa-ke, uma umuntu eyikhipha manje imali, uzotheliswa ngezingantela lakhe elisebenza manje.

UKhomishana u-Kieswetter uthe, “Izicelo zomyalelo wentela zithunyelwa kwaSARS yilowo olawula isikhwama ngokusebenzisa i-eFiling. Umyalelo utshela isikhwama ukuthi malini intela okumele ibanjwe yisikhwama egameni likaSARS ngaphambi kokuthi benze inkokhelo.

“Abakhokhintela abakweleta uSARS imali kumele bazi ukuthi lesi sikweletu sentela sizokwengezwa kuntela lapho umuntu ekhipha imali kumhlomulo wokonga. Kodwa uma kukhona izinhlelo zokukhokha ezikhona zokukhokhela isikweletu noSARS, lesi sikweletu sizobanjwa ngokwesivumelwano esiphakathi kukaSARS nomkhokhintela. Isikweletu sentela esidlulisiwe naso angeke sibanjwe,” kusho uKhomishana u-Kieswetter.

Uveze ukuthi isikhathi uSARS asibekele ukuphothula izicelo zomyalelo, ngaphandle kokuthi kube nomuntu osebenza kuzo, asikho ngaphezulu kwamahora angama-24.

Imigudu esetshenziswa abakhokhintela ukuthola ulwazi kwaSARS mayelana nohlelo olusha ibandakanya i-SARS Online Query System kusizindalwazi sakwa-SARS kanye nomgudu we-SARS WhatsApp – 0800 11 7277 lapho abakhokhintela bengakwazi ukubekisela izibalo zabo zentela lapho bekhipha imali kusikhwamamhlalaphansi esimbaxa i-*two pot*.

Abafakizicelo banika izizathu ezintathu zokuthi kungani befuna ukukhipha imali kulolu hlelo olusha: ukudlulisela ngenxa yokwehlukanisa umshado, ukudlulisela iye kwesinye isikhwama somhlalaphansi kanye nokukhipha imali okwenziwa umkhokhintela.

Njengoba isimo siguquka mihla yonke, uSARS uzolokhu ehlinzeka ngezakamuva mayelana nezibalo zabakhipha imali.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane noSARS ku SARSMedia@sars.gov.za

IYAPHELA.